



# FINYELELA NGOZWELO

*Uma ngabe ulandela isibonelo somSindisi sokuba nozwelo, uzothola ukuthi uyakwazi ukwenza umehluko ezimpilweni zabanye.*

Uzwelo ukuba nolwazi ngokuhlupheka kwabanye kanye nesifiso sokukudambisa noma ukukhulula. Isivumelwano sokulandela umSindisi isivumelwano sozwelo soku “thwalisana imithwalo omunye nomunye” (uMosiya 18:8). Isabelo sokugada abanye yithuba lokusebenzela abanye njengoba iNkosi ingenza: “ngozwelo, senze umehluko” (ekaJuda 1:22). INkosi yalayela, “Bonisa isihe kanye nozwelo yilowo nalowo kumfowabo” (uZakariya 7:9).

## **Uzwelo LomSindisi**

Uzwelo lwalugququzela umSindisi emisebenzini Yakhe. (Bona eceleni: “A Compassionate Savior”). Uzwelo Lwakhe kubantu bakhe lwamenza ukuthi afinyelele kulabo abamuzungezile ezimeni ezingenakubalwa. Ngokuqonda izidingo zabantu kanye nezifiso zabo, Wakwazi ukubabusisa kanye nokubafundisa ngezindlela ezazibaluleke kakhulu kubo. Isifiso somSindisi sokusiphakamisa phezu kosizi lwethu samuholela esenzweni esikhulu sokuhawukela: Inhlawulo Yakhe yezono kanye nokuhlupheka kwabantu bonke.

Amandla Akhe okuphendula izidingo zabantu into esingayizama uma sisebenzela abanye. Njengoba siphila ngokulunga kanye nokulalela imiyalelo yaMoya, sizogququzeleka ukuthi sifinyelele ngezindlela ezizwakalayo.

## **Isivumelwano Sethu Sozwelo**

UBaba oseZulwini ufuna izingane Zakhe zibe nozwelo (bona1 KwabaseKhorinte 12:25-27). Ukuze sibe abafundi beqiniso, kuzomele sombulukise futhi sikhombise uzwelo kwabanye, ikakhulukazi kulabo abaswele (iMf&V 52:40).

Ngokuthatha kwethu igama likaJesu Kristu ngesivumelwano sethu sokubhabhadiswa, sifakaza ukuthi sizimisele ukutshengisa uzwelo. UMongameli uHenry B. Eyring, uMeluleki Wesibili kubuMongameli Bokuqala, wafundisa ukuthi isipho sikaMoya oNgcwele siyasisiza ukuthi senze njalo: “Wena uyilunga lesivumelwano leBandla likaJesu Kristu. . . .

“Yingakho unomuzwa wokufuna ukusiza umuntu ozama ukuqhubekela phambili ngaphansi komthwalo wosizi kanye nobunzima. Wethembisa ukuthi uzosiza

iNkosi ekwenzeni izinkinga [zabanye] zibe lula nokuthi baduduzeke. Wanikezwa amandla okuba usize ekuthuleni leyo mithwalo ngenkathi uthola isipho sikaMoya oyiNgcwele.”<sup>1</sup>

Isibonelo, usisi eRussia wayenenkinga enzima emndenini wakhe eyayimuvimba ukuthi aye esontweni isikhathi esingaphezu konyaka. Omunye usisi egatsheni wayefinyelela kuyena ngozwelo njalo ngeSonto ngokuthi amufonele amuxoxele ngezinkulumo, izifundo, ubizo lwemishini, izingane ezizaliwe, kanye nezinye izindaba zegatsha. Ngenkathi isimo salosisi ovaleleke endlini sesixazululekile, wazizwa engathi wayeseyilunga legatsha ngenxa yamafoni kamngani wakhe asonto lonke.

#### IMITHOMBO

1. Henry B. Eyring, “The Comforter,” *Liahona*, Meyi 2015, 18.

#### IMIBONO EMINE YOKUKHULISA UZWELO

Ngesinye isikhathi uzwelo luyakhula uma sidlula kwezethu izivivinyo, kunezinye izinto esingazenza ukukhulisa uzwelo namhlanje. Cabanga izindlela ongasebenzisa ngayo lemigomo emine:

**Lukhulekele.** Uma ngabe ukhala kuBaba oseZulwini, uzokuvulela inhliziyi yakho, futhi “uzozizwa unokukhathazeka okuqotho ngenhlalakahle kanye nenjabulo yaphakade yabanye abantu” (*Preach My Gospel: A Guide to Missionary Service* [2004], 118; bona futhi uMoroni 7:48).

**Zijwayeze.** ungakhombisa uzwelo ngokulalela kanye nokuqondisisa. Zifake ezimeni zabo futhi ucabange ukuthi bangahle bazizwa kanjani. Uma kufanelekile esimeni nasesikhathini, ungakwazi

ukunikela ngosizo ukunciphisa izinhlungu, ukuhlupheka, noma incindezelo.

**Landela izincomo.** Inkosi ingasivezela izindlela zokukhombisa uzwelo esingakaze sizinake sisdwa. Uma uzwa ugqozi oluphuma eMoyeni loku-ba usize abanye, unganqikazi ukukwenza lokho.

**Yiba umngani onesiqu.** Ukukhombisa uzwelo kungaba lula njengoku khombisa ukukhathazeka okuqotho ezimpilweni zabantu. Funda ukulalela kahle (bona “Imigomo Yokusebenzela Abanye: Izinto Ezinhlanu Ezenziwa Abalalela Kahle,” *Liahona*, Juni 2018, 6-9). Uthando lwakho luzokhula, futhi kuzobalula ukubona izindlela zokukhombisa lolo thando.

#### UMSINDISI ONOZWELO

Cabanga ukufunda ezinye zezincwadi zemibhalo engcwele ukubona ukuthi uzwelo lukaJesu Kristu lwamenza wasindisa, wabusisa, futhi wafundisa kanjani labo ababemzungezile ngesikhathi ebasebenzela: uMatewu 9:35-38; 14:14; 18:27, 33; 20:30-34; uMarku 1:40-42; 5:19; 6:30-42; 9:22; uLuka 7:13; 10:33; 15:20.

Imigomo yokusebenzela abanye yenzelwe ukusiza sifunde ukunakekelana—hhayi ukuba sabelane ngayo njengomlayezo. Ngenkathi sazana nalabo esibasebenzelayo, uMoya oyiNgcwele uzosikhombisa umlayezo abawudingayo ngaphezulu ngokunakekela nesihawu kwethu.